

## USARS ubambe ukhuphulela ngoqo wokuphenya nokubopha ezimbonini ezahlukahlukene

**Tshwane, 7 kuMbaso 2022** – UPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) ngokusebenzisa nomnyango walo wobugebengu obuhlanganyelwe bentela nehovisi lokulawulwa kwempahla emngceleni i-Syndicated Tax & Customs Crime Division lwenze ukhuphulela ngoqo wokuphenya nokubopha ezinkampanini ezisembonini yokubhanga, imboni kagwayi nosikilidi, utshwala, izimboni zegolide nezingubo KwaZulu-Natali, e-Western Cape naseGauteng.

Izindawo ezihloliwe nokwenziwe kuzo uphenyo zibandakanya izindawo zokuhlala zabakhokhintela abathile kanye nemboni yegolide kanye nezisebenzi zasebhange. Lo khuphulela ngoqo uhlobene nophenyo olukhulu kanye nocwaningomabhuku olwenziwa ekugelezeni kwemali okungemthetho kanye nohwebo lwemikhiqizo yegolide, utshwala, izingubo, ugwayi nosikilidi okungemthetho.

Okuphokophelwe yilamasu okungenelela kubili: okokuqala, alekelela uSARS ngezinqubo zawo zokuqinisekisa ekuthobeleni intela nokuhlonza ulwazi olungase lweseke lolu cwaningomabhuku olunjalo. Okwesibili, uSARS ungase ukwazi ukuqinisekisa ubufakazi osunabo vele ukuze busetshenziswe ezinqubweni zokuthethwa kwamacala obugebengu ezingase zenzeke.

Lawa masu okungenelela aqala emva kokuhlonzwa kwamaphutha uma kudalulwa olawulweni lwempahla emngceleni kanjalo nakumafomu eminingwane yentela kulezi zikhungo kanjalo nakuzitatimende zasebhange okuvele ukuthi azithembakali.

Kwenye yezinkampani ezibhekiwe, uSARS uthole imvume yokuphenya nokubopha emagcekeni eBullion Star (Pty) Ltd ngoMsombuluko mhla zingama-28 kuNdasa 2021 enkantolo i-North Gauteng High Court. I-Bullion Star yinkampani ecoca igolide kanti inezindawo zokuguula izimbiwa zibe yimikhiqizo enenani eliphezulu, engathengiswa kuleli noma ithunyelwe ngaphandle. I-Bullion Star ingumthelekisi obhalisile.

Uma kuqhathaniswa amaphepha eminingwane yentela i-Bullion Star ewathumele kwaSARS, amafomu eminingwane yentelantengo esikhathi sangowezi-2022/02 aveze isicelo sokukhokhelwa imali ebuyiswayo yenani lika-R13.9 million. Ngaphambi kokuphela kukaMasingana 2022, i-Bullion Star yathumela izimpahla ezincane kakhulu ngaphandle, kodwa kuNhlolanja 2022, i-Bullion Star ithumele igolide elingasetshenziwe elevile ku-R126 million.

Lokhu kuphambuka kuholele ekubeni i-Bullion Star ikhethwe ukuze kwenziwe ucwaningomabhuku ezindabeni zayo zentela kwabe sekwenziwa imvume yokuphenya ukuze kutholakale ulwazi mayelana nezimpahla ezithengisiwe nezithunyelwe ngaphandle yiyo i-Bullion Star.

Imvume le isetshenziswe emagcekeni amathathu. Kodwa-ke, i-Bullion Star yabanqabela abakwaSARS ukuba bangene emagcekeni endawo yabo yokusebenza nasezimotweni ezazisegcekeni. Ividiyo yabaqapha ezokuphepha yaveza ukuthi izimpahla zasuswa emagcekeni endawo yokusebenza zafakwa ezimotweni ezazisegcekeni, ngaphambi kokuba abakwaSARS bakwazi ukungena ngaphakathi. Ngenxa yobungozi bokuthi lezi zimpahla zingase zibe umongo wophenyo lwabakaSARS, ngosizo loMnyango Wamaphoyisa kanye noMnyango Wokuphenywa Kobugebengu Obuseqhulwini (Hawks), uSARS uthole ubufakazi obufanele kuzo lezi zimoto.

Ngokufanayo, labo abahlala ezakhiweni zomqondisi we-Bullion Star nabo banqabile ukungenisa abakwaSARS ngaphakathi baphinde banqaba nokunika abakwaSARS izinto zokusebenza ze-elektronikhi. Amagceke lawa kanye nezingcingo kukholakala ukuthi kuqukethe ulwazi olusemqoka ophenyweni. USARS ube usucela usizoku-SAPS ukuze ukwazi ukungena emagcekeni uthathe izimpahla.

USARS ukhuthaza bonke abakhokhintela nabahwebi ukuba baqinisekise ukuthi izibophezelo zabo zentela nezolawulo lwempahla emngceleni zimi ngomumo futhi bayayithobela imithetho yentela nemithetho yokulawulwa kwempahla emngceleni. Phezu kwalokho, uSARS uthanda ukubonga i-SAPS kanye ne-DPCI ngokusebenzisana nendlela kahulumeni ekwenzeni isiqinisekiso sokuthi lawa masu okungenelela asebenze ngendlela enempumelelo.

UKhomishana wakwaSARS, uMnu Edward Kieswetter, ugcizelele ukuzinikela kwesikhungo nohulumeni wonkana ekulwisaneni nohwebo olungemthetho nezenzo zobugebengu emnothweni. Uthe, “Labo abenza ngamabomu futhi abahlela ukuhlutha lokhu okumele kuze esikhwameni ngokwenza imisebenzi yokukhwabanisa kuzobhekwan nabo ngqo. Lolu hlobo lokuziphatha luzokwenziwa lube nzima futhi lumbe eqolo.”

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)